# ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATALI

## INkulumo yeSabelomali
## kaFrancois Rodgers
## UNgqongqoshe wezeziMali

### Eyethulwa kwiSabelomali se-MTEF yowezi-2026/27 esiShayamthetho sesiFundazwe iKwaZulu-Natali

**10 kuNdasa 2026**

Somlomo oHloniphekile, Nks. Nontembeko Boyce

IPhini likaSomlomo eliHloniphekile, uNks. Mmabatho Tembe

UNdunankulu oHloniphekile, uMnuz. Thamsanqa Ntuli

AmaLungu oMkhandlu oPhethe wesiFundazwe iKwaZulu-Natali

AmaLungu aHloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe

AmaLungu eziCukuthwane ezivela kwamanye amaZwe

UsiHlalo weNdlu yobuKhosi boMdabu namaKhoi-San esiFundazweni iKwaZulu-Natali, iNkosi Shinga

Bonke abaHoli boMdabu

IBamba loMqondisi-Jikelele, uMnuz. Sbu Ngubane

INhloko yoMnyango, uNks. Carol Coetzee

Zonke iziNhloko zemiNyango nabaPhathi eziKhundleni eziPhezulu

Ama-CEO eziKhungo zikaHulumeni

AbaNtu baKwaZulu-Natali

AbemiThombo yeziNdaba

AbaHoli kwezamaBhizinisi

IziHambeli zethu eziQavile

# 1. ISINGENISO

Somlomo oHloniphekile, namuhla ngethula isabelomali sowezi-2026/27 nginomuzwa ojulile wejoka esibhekene nalo kodwa futhi nginokuzethemba okuvuselelekile.

Nginokuzethemba ngozinzo esifundazweni sethu. Ukuzethemba enginakho kungenxa yesimo sezimali zethu njengohulumeni. Nginethemba futhi lokuthi iKwaZulu-Natali kancane, kancane iyasuka esigabeni sokwelulama iya ekuvuselelekeni kabusha.

Lesi akusona nje isabelomali esejwayelekile. Lesi sabelomali sikhombisa uzinzo ngemuva kokudideka, ukuziqoqa ngemuva kwezingqinamba, nethemba ngemuva kwezikhathi ezinzima. Yisabelomali esiqinisekisa ukuthi ngempela isifundazwe sethu sesiyelulama.

Le nkulumo yami yokuvula ngiyisusele ebufakazini obubonakalayo, ukwelulama akuyona into eyenzeka kanye – kuyindlela eqhubekayo yokwenzeka kwezinto, kanti lokhu sikubona kwenzeka ngenxa yokuqalisa kwethu ngempumelelo iSu lokuHlumelelisa isiMo seziMali kulesi siFundazwe. ISu lokuHlumelelisa isiMo seziMali akuwona nje umzamo wesikhashana odalwe wukubona isimo somnotho esibhekene naso. Kodwa:

- Yiqhinga elihleliwe, elisuselwe ebufakazini obubambekayo lokuletha uzinzo ezimalini zesifundazwe,
- Yicebo elisobala lokubuyisa ukwethembeka, ukuhlonishwa nokuqondakala kwesimo sezimali, kanye
- Nesisekelo sokuhlinzekwa kwezidingo nokukhula komnotho okunozinzo.

Okubaluleke kakhulu, iSu lokuHlumelelisa isiMo seziMali alikho-nje ngokunciphisa ukusebenza kwezimali. Likhuluma ngokuthi sihlela ukwenzani, sizisebenzisa kuphi izimali, futhi yikuphi esikuhlinzekayo.

Umongo weSu lokuHlumelelisa isiMo seziMali ugxile kule miphumela emine okumele nakanjani ifezeke:

**1. UZinzo kwezeziMali**

- Ukukhokhela esibakweletayo ngendlela ehlelekile yokukhokha.
- Ukulawula ngendlela efanele ukusebenza kwezimali.
- Ukugwema ukwanda kwemali esebenza ngaphandle kwemvume.

**2. Ukubuyisa ukuzithiba nokuphatha okuhle kwezezimali**

- Ukuqinisa izindlela zokuqapha, ukuthathwa kwezinyathelo nokubeka izinto obala.
- Ukubhekana ngqo nokumoseka nokungasetshenziswa kahle kwemali, kanye nenkohlakalo.

**3. Ukuvikela ukuhlinzekwa kwezidingo ezibalulekile**

- Ukuqinisekisa ukuthi izinsiza ezincane esinazo zisetshenziselwa izidingo ezibalulekile futhi ezinomthelela omkhulu.

**4. Ukubuyisa ukuziqhenya KwaZulu-Natali**

- Abahlinzeki abaziqhenyayo.
- Abatshalimali abaziqhenyayo.
- Izakhamizi eziziqhenyayo.

UHulumeni woBumbano wesiFundazwe uzibophezele ukuzibamba ziqine mayelana nokuhlonipha izimali, ukuqinisa ezokubusa, kanti ngokusebenzisana, sizokwazi:

- Ukuletha uzinzo esifundazweni,
- Ukuvikela ukuhlinzekwa kwezidingo, kanye
- Nokudala izimo ezivumela ukukhula komnotho okubandakanya uwonkewonke

Somlomo oHloniphekile, ngizizwa ngithobekile ukunethulela *iziLinganiso zeNgeniso nokuSebenza kweziMali zesiFundazwe* kwi-MTEF yowezi-2026/27, ezonika isithombe esicacile ngesimo sezimali sesifundazwe kubantu bakulesi sifundazwe nangale kwaso. Lezi zilinganiso zinika ithuba isiShayamthetho sesiFundazwe nezakhamizi ukuba balindele izimpendulo eminyangweni yesifundazwe nasezinhlakeni zikahulumeni ngezimali zomphakathi abazisebenzisile. Ngicela ungivumele ngethule le mibhalo elandelayo, siqaphele nokuthi kulokhu le mibhalo siyethula ngemishini yobuchwepheshe njengoba sizama ukukhombisa isibophezelo sethu ekunciphiseni izindleko:

- **uMthethosivivinywa woKwabiwa kweziMali, 2026** (uma usuphasisiwe, lo Mthethosivivinywa uzoba wuhlaka lomthetho oluzolandelwa yiminyango nezinhlaka zikahulumeni uma zisebenzisa izabelomali zazo zowe-2026/27.
- **INkulumo yeSabelomali yesiFundazwe yowezi-2026/27**
- **IziLinganiso zeNgeniso nokuSebenza kweziMali zesiFundazwe zowe-2026/27**
- **IziLinganiso zokuSebenza kweMali yemiSebenzi emiKhulu zowe-2026/27**

Sisehlise kakhulu isibalo samakhophi esiwagayayo ale mibhalo, ngaleyo ndlela sanciphisa izindleko ngamaphesenti angama-44 noma ngo-R70 000 uma kuqhathaniswa nonyaka owedlule.

## 2. ISITHOMBE NGESIMO SOMNOTHO

Somlomo oHloniphekile, ngivumele ngethule ingqikithi yezomnotho mayelana nalesi sabelomali engisethulayo namuhla.

Umnotho emhlabeni jikelele usazinzile ngemuva kokuhlaselwa wungabazane obeludalwa yizimo zomnotho ezingezinhle. I-International Monetary Fund iqagula ukuthi ukukhula komnotho emhlabeni kusazolokhu kunozinzo ngo-3.3% onyakeni wezi-2026, bese kuthi ukwehla kancane kufinyelele ku-3.2% ngowezi-2027, ngenxa yomthelela wentela yezohwebo ophansi ukunalowo obulindelekile. Nokho-ke, nakuba kunokukhula kancane okubonakalayo, umnotho womhlaba kusengenzeka wehle uma

kwanda ukubhekana ngeziqu zamehlo kwezohwebo kwamazwe futhi yanda imigoqo yezohwebo.

Uma sibuyela eNingizimu Afrika, isimo somnotho sezwe sixubile, okukhombisa umthelela wezinto ezenzeka emhlabeni nokwenzeka kuleli. Izwe lisaqhubeka nokubhekana nezinselelo ezihlobene nesimo sethu, okubalwa amazinga aphezulu okweswelelka kwemisebenzi nezingqinamba zengqalasizinda, okubambezela amathuba okukhula. Nokho-ke, izinguquko zakamuva kwinqubomgomo nezinhlelo zokuheha utshalomali kukhomba ukuthi kunesibopho sokwakha kabusha uzinzo kwezomnotho nokukhuthaza ukukhula komnotho kwesikhathi eside. Ukuphakelwa kukagesi bekuzinzile isikhathi esingaphezu konyaka, kanti ziyaqhubeka nezinhlelo zokuletha izinguquko ezinkingeni ezihlobene nezokuthutha.

Ngenxa yalezi zimo, isilinganiso semikhiqizo yakuleli isiyonke (GDP) kubhekwe sikhule kancane ngo-1.3% ngowezi-2025. Lokhu kukhula kwesekwe ikakhulukazi wuzinzo ekuhlinzekweni kukagesi, yisivuno esihle semikhiqizo yezolimo, kanye nokukhula kokuzethemba kwamabhizinisi. Okuzokhulisa kakhulu umnotho kuzoba wukwenyuka kwamazinga okuthenga kwabathengi okuzoholela ekutheni anyuke amandla emali futhi kwehle inzalo yemalimboleko, okuhambisana nobungcono kwizimo zezikweletu. Ngenxa yalokhu, izilinganiso zezomnotho zeBhange loMbuso laseNingizimu Afrika ziqagela ukuthi kuzoba nokukhula okungcono komnotho, okulinganiselwa ku-1.7% eminyakeni emithathu ezayo.

Mayelana neKwaZulu-Natali, ikusasa lezomnotho lilele emathubeni avelayo kanjalo nasezinselelweni ezikhona, ezikhombisa okuqhubeka emhlabeni jikelele nakuzwelonke. Isifundazwe kulindeleke sihlomule kutshalomali olukhulu oluvela emkhakheni ozimele nokukhula kwemali esetshenziswa wuhulumeni kwingqalasizinda, kokubili okuhlose ukukhuthaza ukukhula komnotho nokudala amathuba emisebenzi. Nakuba lokhu kuveza isithombe esihle, iKwaZulu-Natali kumele iphinde ibhekane nokuntenga kwezimakethe zangaphandle okungaba nomthelela emizamweni yokwelulama komnotho. Ngaphezu kwakho konke, uma ingcuphe ilawuleka kahle, iKwaZulu-Natali ingakwazi ukubona ukwelulama komnotho kancane kancane, okungaholela ekutheni kube nozinzo nokukhula komnotho emikhakheni ehlukahlukene njengowezokuvakasha, ezolimo nokukhiqiza.

Ngenxa yalokho, umnotho wesifundazwe ukhombise ukwelulama kancane, kanti ukukhula kwe-GDP bekuku-1.4% ngowezi-2025 ngemuva kokuthi ube mncane umthelela walokho okwenzeka emazweni omhlaba njengentela esabalele nongabazane olukhona kwezepolitiki emhlabeni, uzinzo lwesikhathi eside ekuhlinzekweni kukagesi nokuxegiswa kwezingqinamba kwezokuthutha ngenxa yezinquguqko eziqhubekayo kumanje kwezomnotho kanjalo nomthelela omuhle wokuxegiswa kwezinqubomgomo zezimali kwaphambilini. Ukukhula komnotho esifundazweni kulindeleke kwenyukele ku-1.5% ngowezi-2026 naku-1.6% ngowezi-2027. Nakuba kubhekeke lokhu kukhula okuhle komnotho phakathi nethemu, ukudlanga kokweswelelka kwemisebenzi kusalokhu kuyinselelo enkulu esifundazweni sethu nabantu baso.

Enye inhlekelele isifundazwe esibhekene nayo yileyo yobhubhane lwesifo samatele (iFood and Mouth Disease) okunomthelela omkhulu kule mboni ebalulekile yesifundazwe ekudalweni kwamathuba emisebenzi nokukhula komnotho,

okungezolimo. Inhlekelele yamatele isilahlekisela kakhulu isifundazwe kwezomnotho, njengoba lesi sifundazwe sihlonzwe njengesihamba phambili kule nhlekelele kazwelonke. Ukubheduka kwamatele kubeka engcupheni indlela yokuphila kwabantu njengoba kulahleka ingenisomali enkulu emkhakheni wezolimo, kanti kuphinde kwaba khona ukuphazamiseka kokuthunyelwa kwempahla emazweni angaphandle nohwebo, ukwanda kwezindleko zokusebenza kubalimi, ukukhula kwentengo yokudla, ukubala nje okumbalwa. Uhulumeni usezinhlelweni zokuqhuba umkhankaso omkhulu wokugoma imfuyo ohlose ukuthi kunqandwe ukusabalala kwalesi sifo.

Kungalezi zizathu-ke njengoba sethula lesi sabelomali sesifundazwe.

## 3. ISABELOMALI SESIFUNDAZWE KWI-MTEF KA-2026/27

### 3.1 Ezakamuva ngohlelo olubanzi lokubuyekeza isabelomali olulandeliwe

Ngesikhathi sethula isabelomali sesifundazwe kule Ndlu ngonyaka owedlule, ngathembisa ukuthi angeke nje kube "yisabelomali esejwayelekile" uma mina ngisewuNgqongqoshe weziMali. Ngathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni, ngokubambisana nayo yonke eminye iminyango nezinhlaka zikahulumeni, lizoqala uhlelo olubanzi lokubuyekeza isabelomali sesifundazwe. Lokhu bekuyingxenye yeSu lokuHlumelelisa isiMo seziMali sesiFundazwe futhi kuhambisana nokubuyekezwa okubanzi kwezindleko ezingashintshi nalezo eziguquguqukayo, kanjalo nokwenza ezinye iziphakamiso mayelana nokuxhaswa ngezimali kweminye imisebenzi yesifundazwe enezimali ezingenele. Bekubalulekile ukuthi senze ngale ndlela ngenxa yokubona ukuthi ukuncishiswa kakhulu kwesabelomali phambilini kufake ingcindezi enkulu ezimalini zesifundazwe. Lokhu kuholele ekutheni kube nezingqinamba ezinkulu kwizabelomali eminyangweni eminingi kahulumeni, okudale ukuthi kwande kakhulu ukusilela kwezinhlelo.

Umsebenzi omningi wokubuyekeza isabelomali sesifundazwe uphothulwe ngawo lo nyaka, ngesikhathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke wethula uHlelo lweziNjongo namaJoka oKonga olubizwa nge-*Targeted and Responsible Savings* (TARS) kwisabelomali, ingxenye yalo edinga ukuthi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uhlole izinhlelo zezabelomali zeminyango yonke kusetshenziswa iThuluzi lokuHlola iNqubekelaphambili yeziNhlelo olubizwa nge *Programme Assessments Matrix* (PAM). Leli thuluzi i-PAM lidinga ukuthi umsebenzi nomsebenzi owenziwa emnyangweni kahulumeni ucutshungulwe, ukuze kubonakale ukuthi ususelwa kumuphi umthetho futhi kukwazi ukulinganiswa ukubaluleka kwawo. Lokhu-ke kudinge ukuba kuqeqeshwe abasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni nabeminyango nezinhlaka zikahulumeni. Kuphinde kwadingeka ukuthi kube nobambiswano olukhulu phakathi kwabasebenzi kwezezimali nabahleli bezinhlelo eminyangweni nasezinhlakeni zikahulumeni.

Sibone kuba nokuphindeka kweminye imisebenzi phakathi kohlelo lokubuyekeza isabelomali olwenziwe yisifundazwe nalolo lwe-TARS obeluyalelwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke sase sibona kukuhle ukuthi siziqhube zombili lezi zinhlelo futhi sisebenzise izincomo zazo zombili lezi zinhlelo uma sesenza iziphakamiso kwisabelomali sesifundazwe.

Okwenziwe ngethuluzi i-PAM sesikuthumele kuMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke emasontweni ambalwa edlule ngasekupheleni kukaMasingana, kanti kumanje uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke kuZwelonke, ngokubambisana neThimba elibhekele iSabelomali eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe bamatasa bahlaziya imiphumela yaleli thuluzi bese benza izincomo eMkhandlwini oPhethe wesiFundazwe.


### 3.2 Ukuchitshiyelwa kohlaka lwezezimali lwesifundazwe

Somlomo, ukuhlela lesi Sabelomali sowezi-2026/27 KwaZulu-Natali bekungumsebenzi onzima, njengoba kuhlale kunjalo kwazise izimali ezidingekayo zingaphezu kwezimali ezikhona. Ngiyajabula nokho ukusho ukuthi lesi sabelomali yisabelomali “esinezindaba ezimnandi”, ngenxa yokuthi sithole uchatha eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ezimalini esabelwa zona njengesiFundazwe ukubhekana nengcindezi ekhona yesabelomali emnyangweni wezeMfundo nowezeMpilo, kanti nezibonelelo zesabelomali ezinemibandela nazo zikhulile impela kule MTEF.

Kukhona nokho lapho kuphunguke khona izimali, kodwa sikwazile ukukulawula lokhu ngendlela ezokwenza ungabi bikho umthelela kunoma yimuphi umnyango noma uhlaka lukahulumeni onyakeni wokuqala we-MTEF yowezi-2026/27. Lokhu kusinika isikhashana sokuthi sikwazi ukuqalisa lokhu kubuyekezwa kwesabelomali engikhulume ngakho kusanesikhathi, nokuthi sisebenzise leli thuluzi ukuvikela ngandlela zonke leyo misebenzi yethu esiyibeke eqhulwini eminyakeni elandelayo ye-MTEF.

Imali eningi kulesi sabelomali sesifundazwe ivela eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke.

Lokhu kusho ukuthi u-81.1% wezimali uvela kwisabelo esijwayelekile esitholwa yisifundazwe kuzwelonke, u-16.2% kube yizibonelelo ezinemibandela esizabelwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, kanti ingxenye encane esele ka-2.7% yizimali ezitholakale emithonjeni yengenisomali yesifundazwe, okubalwa phakathi kokunye izimali zamalayisensi ezimoto, izimali ezikhokhwa ezibhedlela, inzalo evela kuma-akhawunti asebhange esifundazwe, nentela kwezokugembula.




Kuyintokozo kimi ukunethulela ukuthi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke usigixabeze ngochatha obonakalayo ezimalini ezabelwa isiFundazwe ozokwazi ukwehlisa umthwalo kwezezimali eMnyangweni wezeMfundo nowezeMpilo, obudalwa ikakhulukazi ukuncishiselwa izimali obekulokhu kwenzeka. KwezeMfundo nakhona sithole uxhasomali lokubhekelela izindleko zokuqasha ezehlukene engisazokuchaza kabanzi enkulumweni yami.


Kuzoba nezinguquko ezingatheni kwisabelo esitholwa yisifundazwe ngaphansi koMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu, kanjalo nakulabo abakhetha ukusheshe bashiye umsebenzi kuhulumeni.

**Isiyonke imali esiyengezelwe kule MTEF iwu-R6.7 billion**

Ukuncishiswa kwesabelomali kule MTEF, kukhomba ukuthi imali inciphe ngo-R195 million kowezi-2026/27, kanti lokhu kuzokhula kufinyelele cishe ku-R1 billion eminyakeni emibili ezolandela. Njengoba ngishilo ekuqaleni, sizamile ukunciphisa umthelela kwalokhu kuncishiswa kwesabelomali eminyangweni kanti lokhu sikwenze ngokuthi sinciphise izimali eZongelwe iziMo ezingaLindelwe onyakeni ngamunye we-MTEF. Lokhu kusho ukuthi iminyango angeke incishiselwe izimali eyabelwa zona yisifundazwe onyakeni wezi-2026/27, kodwa ukuncishiselwa izimali kuzoze kubonakale eminyakeni emibili ezolandela, nakhona kuzoba semazingeni aphansi ngoba siyangena impela ezimalini eZongelwe iziMo ezingaLindelwe ukuze sinciphise umthelela ngayo yonke indlela. Ukuncishiswa kwesabelomali eminyakeni ezolandela kuzokwenziwa ngokuqikelela futhi kufane kuyona yonke iminyango.

Ezinye izindaba ezimnandi ngezithi kube nokwanda okubonakalayo impela ezimalini zezibonelelo ezinemibandela esizitholayo. Isabelo sezibonelelo ezinemibandela sikhule ngo-R1.7 billion ngowezi-2026/27, ngo-R617.3 million ngowezi-2027/28 nango-R1.6 billion ngowezi-2028/29.

**Lokhu kusho ukukhula ngo-R3.9 billion esikhathini seMTEF.**






Isabelomali esivela kwingeniso esizakhele yona njengesiFundazwe sehliswe kancane saba ngu-R11.9 million ngowezi-2026/27 nango-R12.3 million ngowezi-2027/28, bese sinyuka ngo-R9 million ngonyaka wokugcina ngenxa yokubuyekeza okuzokwenziwa kweminye imithombo yethu yengeniso. Ngowezi-2026/27 nowezi-2027/28, lokhu kusho ukuthi kuzoba nokwehla okuncane kuka-0.3% ngonyaka. Lokhu kwehla kudalwe ikakhulukazi wukwehla kwemali yokuqasha izindawo eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya njengoba ezinye izindlu kutholakale ukuthi zingaphansi kweBhodi yeNgonyama Trust, kanjalo nakwezeMfundo ngenxa yokuncipha kwengenisomali elindelekile kumakhomishini adonswa emaholweni. Okunye okubalulekile iSu lokuHlumelelisa isiMo seziMali elizogxila kukhona ukwandisa imithombo yengenisomali yethu njengesifundazwe, ngokubheka imithombo esinayo naleyo emisha esikhathini se-MTEF, kanti silindele ukuthi imithombo yengenisomali kwisabelomali esilandelayo ikhombise ukukhula. Okusikhuthazayo, sibona ingenisomali kulo nyaka wezimali izokweqa ngo-R220.6 million ekupheleni konyaka, ikakhulukazi ngenxa yokuthi kulindeleke ukuthi kuqoqwe imali engaphezulu kwejwayelekile ngamalayisensi ezimoto eMnyangweni wezokuThutha, kanjalo nezimali ezibuyiswe ngu-SARS eMnyangweni wezeMfundo.

### Uhlaka lweziMali

Ngokwezilinganiso ezivamile, sibona kunokukhula okuhle ezimalini zethu kule MTEF. Isabelomali esinaso kule MTEF sokuxhasa yonke imisebenzi yethu sikhonjiswe kwiThebula 1 ngezansi, elikhombisa iMali eYabelwe isiFundazwe nezibonelelo ezinemibandela ezivela eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, kanjalo nemali esilindele ukuyiqoqa emithonjeni yengeniso yethu njengesiFundazwe.

**Table 1 : Summary of provincial fiscal framework**

| R thousand | 2026/27 | 2027/28 | 2028/29 |
|---|---|---|---|
| **Revised allocation** | **168 185 215** | **174 157 389** | **179 770 916** |
| Transfer receipts from national | 163 651 251 | 169 479 724 | 174 926 498 |
| *Equitable share* | *136 378 118* | *142 177 502* | *146 678 660* |
| *Conditional grants* | *27 273 133* | *27 302 222* | *28 247 838* |
| Provincial own receipts | 4 477 404 | 4 677 665 | 4 844 418 |
| Provincial cash resources | 56 560 | - | - |
| **2. Planned spending by departments** | **168 035 366** | **173 961 388** | **179 446 274** |
| **3. Contingency Reserve** | **149 849** | **196 001** | **324 642** |

Ngowezi-2026/27, isiyonke imali ekhona yokuxhasa imisebenzi yethu esiyenzela umphakathi ingu-R168.2 billion. Lokhu kukhomba ukukhula okubonakalayo uma kuqhathaniswa no-R163.9 billion esasikade siwuqagule njengesabelomali sika-2026/27 ngesikhathi ngethula isabelomali ngonyaka owedlule, kanti kudalwe yimali eyengeziwe esiyithole eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ngesikhathi kuhlelwa isabelomali kulo nyaka. Lokhu kuyizindaba ezinhle impela!

**SESISONKE ISABELOMALI SAKWAZULU-NATALI NGO-2026/27 SINGU-R168.2 BILLION**

Kule mali, u-R136.4 billion utholakale kwisabelo esitholwa yisifundazwe kanti u-R27 billion uvela kwizibonelelo ezinemibandela esizitholayo, bese kuthi imali esele ivele emithonjeni yengenisomali yethu njengesifundazwe nezimali esinazo eziwukheshi.

Iminyango yesifundazwe ihlela ukusebenzisa u-R168 billion ngowezi-2026/27 kanti imali eYongelwe iziMo Ezingalindelwe ihleli ku-R149.8 million ozokhula ufinyelele ku-R324.6 million kwi-MTEF yonke.

### 3.3 Imininingwane yezinguquko eziMalini eZabelwa isiFundazwe

Njengoba sesishilo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke usifakele uchatha obonakalayo ezimalini ezabelwa isifundazwe kulesi sikhathi seMTEF njengoba kuchazwe kabanzi kuleli Thebula 2 elivela ngezansi.

**Table 2: Additional Provincial Equitable Share funds - 2026/27 MTEF**

| R thousand | 2026/27 | 2027/28 | 2028/29 |
|---|---|---|---|
| 1. Education - additional funds for existing budget pressures | 647 274 | 676 490 | 697 607 |
| 2. Education - Equalisation of Grade R salaries | 29 764 | 59 528 | 101 640 |
| 3. Education - Presidential Employment Stimulus (Teacher Assistants) | 70 068 | - | - |
| 4. Health - additional funds for existing budget pressures | 1 405 240 | 1 447 531 | 1 492 715 |
| 5. Human Settlements - reallocation from Human Settlements conditional grants | 1 137 | 1 191 | - |
| 6. Early Retirement Programme and Voluntary Exit Programme | 99 845 | - | - |
| **Total** | **2 253 328** | **2 184 740** | **2 291 962** |

**UMnyango wezeMfundo** uthole le mali eyengeziwe elandelayo:

- U-R647.3 million, R676.5 million no-R697.6 million esikhathini se-MTEF ukuze ubhekane **nengcindezi ekhona kwisabelomali** mayelana *nokuholelwa kwabasebenzi* emnyangweni, okudalwe kakhulu wukuncishiswa kwesabelomali kwaphambilini.
- U-R29.8 million, R59.5 million no-R101.6 million esikhathini se-MTEF. Lezi zimali zengezwe ngenhloso yokuthi **kulinganiswe amaholo abasebenzi abafundisa iBanga R.** IBanga R manje seliyingxenye ephoqelekile yesigaba semfundo yamabanga aphansi kanti othisha kumele baholelwe ngendlela efanele. Ngakho-ke kwengezwe lezi zimali kwisabelomali sethu ukuze sikwazi ukwenyusa kancane, kancane amaholo alaba othisha.
- UR70.1 million ngowezi-2026/27 woHlelo lukaMengameli lokuDala amaThuba emiSebenzi olwethulwe okokuqala ngo-2b20. Lezi zimali zizosetshenziswa ohlelweni lwabaSizi boThisha. Lezi zimali kuhloswe ngazo ukuhlinzeka amathuba omsebenzi nokuziphilisa, ikakhulukazi entsheni nakubantu besifazane.

**UMnyango wezeMpilo** uzothola cishe u-R1.4 billion wemali eyengeziwe kulesi sikhathi seMTEF. Lezi zimali kuhloswe ngazo ukubhekana **nezinye izingcindezi**

**ezikhona vele** kwisabelomali emnyangweni eziphathelene namaholo nokusilela komsebenzi.

**UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu** uthole uchatha ongatheni cishe ka-R1 million, kanti lokhu kungenxa yezimali ezidluliselwe kulo nyaka wezimali ngemuva kokulungisa okwenziwe kwisabelomali esichitshiyelwe sowezi-2025/26 esimayelana nesabelomali sokukhokhwa kwamaholo abasebenzi. Kwenzeka iphutha lokhu kwabalwa ezimalini zesibonelelo esinemibandela okwagcina kwenza uMnyango wasebenzisa Sabelo sawo esivela esiFundazweni.

**Zikhona nezinye izinhlelo** ezengezelwe izimali, ngokuhambisana nezicelo ezenziwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni zabhekiswa eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, **njengoHlelo lokuKhokhelwa kwabaSheshe baThathe uMhlalaphansi** (ngaphandle kokuhlawuliswa ngempesheni) **noHlelo lokuziShiyela uMsebenzi** kulabo basebenzi abasebenza kuhulumeni. Isiyonke imali eyabelwe isifundazwe ngalezi zinhlelo ingu-R99.8 million. Lolu hlelo lwaqalwa uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke noMnyango wezemiSebenzi kaHulumeni nokuPhatha ukuze kuncishiswe izindleko *zokuholela abasebenzi*, nokuqasha. Lolu hlelo luyizingxenye ezimbili, ngokuthi kukhona lapho abasebenzi bevumeleke khona ukushiya emsebenzini beneminyaka engama-55 kuya kwengama-59, okungabasebenzi abaqashwe ngokugcwele ngokoMthetho wabaSebenzi bakaHulumeni, futhi abafanelekile ukufaka izicelo zokushesha uthathe umhlalaphansi. Abasebenzi abaneminyaka ephakathi kwengama-60 kuya kwengama-63 bona abangeni ngaphansi kuhlelo lokushesha uthathe umhlalaphansi kodwa bayanxuswa ukuba bazivolontiyele ukuthatha umhlalaphansi, okuwuhlelo lwe-VEP. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke utshele izifundazwe ukuthi mayelana nezindleko ezihlobene nalokhu kushiya kwabasebenzi, izimali ezengeziwe ezizodingeka zizonikezwa izifundazwe ngokwehlukana kanti mayelana nezinhlawulo esikhwameni sezimpesheni, kuzokhishwa izimali ezizokhokhelwa ngqo isiKhwama seziMpesheni sabaSebenzi bakaHulumeni.

Cishe balinganiselwa ku-614 abasebenzi KwaZulu-Natali asebekhethe ukuthatha ithuba lokusheshe bathathe umhlalaphansi. Nakuba iningi lalezi zikhala zizovalwa, zizogcwaliswa ngezinga lamaholo elisekuqaleni kanti kuzokwazi ukuthi kongiwe izimali. Lezi zimali ezongiwayo zisalokhu zigciniwe ezimalini zeminyango futhi zingasetshenziswa ukulekelela uma kuba nengcindezi kwisabelomali noma ukuthuthukisa noma ukuphucula izinhlelo zokuhlinzekwa kwezidingo. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ulinganisela ukuthi izimali ezizokongiwa ngalokhu zizofika ku-R151.9 million ngowezi-2026/27, R54.4 million ngowezi-2027/28 no-R55.8 million ngowezi-2028/29.

## 3.4 Ukuchazwa kwezinguquko ekwabiweni kwezibonelelo ezinemibandela

Isabelomali sezibonelelo ezinemibandela sikhomba ukukhula kulesi sikhathi se-MTEF, njengoba isifundazwe sithole uchatha obonakalayo ka-R1.7 billion ngowezi-2026/27, okuzoqhubeka kusona sonke isikhathi seMTEF. Okukhuthazayo wukuthi kunokukhula okukhulu kwizibonelelo ezimbalwa zengqalasizinda!

Ezinye zezibonelelo zethu ezinemibandela zincishisiwe nguMgcinimafa kaZwelonke ukuze zikhombise izilinganiso eziphansi ze-*Consumer Price Index*, kodwa lokhu kuncishiswa kuwubala uma kuqhathaniswa nokukhula okukhuulu esikubona kwezinye izibonelelo ezehlukene.

Cishe isifundazwe sithola u-R150.4 million **oHlelweni lweziBonelelo zeziFundazwe ze-EPWP**, okhule usuka ku-R147 million esiwuthole ngonyaka owedlule. Le mali ihlukaniselwa iminyango ehlukene ukuze iqhube izinhlelo zokudala amathuba emisebenzi.

Njengengxenye yokubuyekezwa kwezibonelelo ezinemibandela okuqhubekayo, sekuhlanganiswe ndawonye **isiBonelelo soHlelo oluBanzi lokweSeka ezoLimo nolwe- Ilima/Letsema** njengoba izibonelelo manje sezizongena ngaphansi koHlelo oluBanzi lokweLekelela ezoLimo. Lokhu kuhlanganiswa kuhlose ukuhlela kahle izinhlelo zokuphatha, ukuqeda ukuphindaphindeka kwemisebenzi yokuxhasa abalimi abancane nabasafufusa nokuthi kuhlinzekwe indlela ehlelekile futhi ebanzi yokweseka labo abahlomula kulezi zinhlelo. Imali elinganiselwa ku-R108 million isibekelwe lo mkhakha isuka kwisibonelelo soHlelo oluBanzi lokweLekelela ezoLimo eMnyangweni wezoLimo kuZwelonke. Le mali izosetshenziswa ukuqala uhlelo lwezitifiketi zekhompyutha, ukuqala uhlelo lokuhlonza izilwane, ukuqopha, nokulandelela imfuyo ukuze kuqhutshekwe nendlela ehlanganisiwe yokuxhasa ngezimali. Ngaleyo ndlela **isiBonelelo soHlelo oluBanzi lokweSeka ezoLimo** sincishiswe ngo-R21.5 million onyakeni wezi-2026/27.

Kanti futhi njengengxenye yokubuyekezwa okuqhubekayo kwezibonelelo ezinemibandela, **isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo nesiBonelelo sokuBhekana nokuSilela kwiNgqalasizinda yeziKole** ziyahlanganiswa kancane, kancane ngezigaba kusukela onyakeni wezi-2026/27. Ngaleyo ndlela, imali ebeyabiwe ngaphansi kwesiBonelelo sokuBhekana nokuSilela kwiNgqalasizinda yeziKole isizonikezwa kuphela lezo zifundazwe ezisenamaphrojekthi asaqhubekayo ngaphansi kwalolu hlelo. Kuyaqapheleka futhi nokuthi isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo sikhule ngo-R41.5 million ngowezi-2026/27 ngenxa yokuthi sikwazile ukuhlangabezana nezinjongo ebezibekiwe okwenze ukuthi umnyango ufakelwe uchatha ngalokho. Siyawubongela umnyango ngalokhu. IsiBonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo cishe sikhule ngo-R505.3 million onyakeni wezi-2026/27.

**IsiBonelelo Sezinkulisa** sikhule ngo-R427.7 million onyakeni wezi-2026/27, kanti sizokhula nakakhulu eminyakeni ezilandela, okuzoba ngu-R802.5 million kowezi-2027/28 no-R848.039 million kowezi-2028/29, ukuze kuqhutshekwe nemisebenzi ethinta izinkulisa.

Zikhona futhi izindaba ezinhle mayelana nesibonelelo sengqalasizinda ngaphansi koMnyango wezeMpilo. Umnyango wenze kahle kakhulu njengoba ukwazile ukuhlangabezana nezinjongo obubekelwe zoba okwenze ukuthi ufakelwe uchatha ngaphansi kwesiBonelelo sokuLungiswa kweziKhungo zezeMpilo, okungu-R90.9 million onyakeni wezi-2026/27. Siyawubongela kakhulu umnyango ngempumelelo yawo yonyaka nonyaka.

Imali ewu-R3 billion isidluliselwe isuka **kwisiBonelelo soKwakhiwa kweziNdawo zokuHlala** kuwona lo mkhakha yayiswa **kwisiBonelelo soBambiswano**

**ekuThuthukisweni kwemiJondolo eziFundazweni**. Phambilini, sincishisiwe isibonelelo sokuLungiswa kwemiJondolo okuholele ekutheni isiyonke imali yalesi sibonelelo yehle kakhulu. Inhloso bekungukudlulisela izimali sibuyiselwe kulesi sibonelelo ukuze kuqinisekiswe ukuthi kulesi sibonelelo kunemali eyanele ukufeza imisebenzi yakhona. I**siBonelelo soBambiswano ekuThuthukisweni kwemiJondolo eziFundazweni** sikhule ngo-R182.6 million onyakeni wezi-2026/27.

Kuphinde kwengezwa ezinye izimali ezingu-R641.3 million kwisibonelelo sokuLungisa imiGwaqo yesiFundazwe onyakeni wezi-2026/27 esiphathelene nezinhlekelele ezehle phakathi kukaMbasa kowezi-2024 kuya kuNhlangulana kowezi-2025. Lolu xhasomali ngolokulungisa nokwakha kabusha ingqalasizinda yesifundazwe eyalinyazwa yizimvula, yizikhukhula, yizulu neziphepho.

## 4. ISABELOMALI SESIFUNDAZWE

Ithebula elingezansi likhombisa isabelomali ngokomnyango ngamunye sekuhlanganise nazo zonke izichibiyelo ezenziwe ngesikhathi kuhlelwa isabelomali. Leli thebula likhombisa isamba semali eyabelwe umnyango ngamunye ezosetshenziswa onyakeni wezimali wezi-2026/27 kanti isamba ngasinye siyingxenye yemali yonke isiphelele yesabelomali sesifundazwe.

Cishe u-80.5% wesabelomali sesifundazwe wabelwe iminyango emithathu ehlinzeka izinsiza zomphakathi, okungowezeMfundo, owezeMpilo nowezokuTuthukiswa koMphakathi.

**Table 3 : Budgets per Vote**

| Vote | 2026/27 (R000) | % of Total Budget |
|---|---|---|
| Vote 1: Office of the Premier | 856 202 | 0.5% |
| Vote 2: Provincial Legislature | 894 413 | 0.5% |
| Vote 3: Agriculture and Rural Development | 2 818 097 | 1.7% |
| Vote 4: Economic Development, Tourism and Environmental Affairs | 3 775 457 | 2.2% |
| Vote 5: Education | 71 193 373 | 42.4% |
| Vote 6: Provincial Treasury | 756 071 | 0.4% |
| Vote 7: Health | 60 293 520 | 35.9% |
| Vote 8: Human Settlements | 3 265 987 | 1.9% |
| Vote 9: Community Safety and Liaison | 287 357 | 0.2% |
| Vote 10: Sport, Arts and Culture | 1 657 785 | 1.0% |
| Vote 11: Co-operative Governance and Traditional Affairs | 2 033 330 | 1.2% |
| Vote 12: Transport | 13 937 255 | 8.3% |
| Vote 13: Social Development | 3 828 465 | 2.3% |
| Vote 14: Public Works and Infrastructure | 2 438 054 | 1.5% |
| **Total Budget** | **168 035 366** | **100.0%** |

UNgqongqoshe ngamunye uzochaza kabanzi ukuthi lezi zimali zizokwenzani uma sebethula izinkulumo zabo zesabelomali ngokwehlukana kule Ndlu.

UHlaka *lweziLinganiso zeNgeniso nokuSebenza kweziMali* engilwethulayo namhlanje, luqukethe ulwazi olubalulekile ngesabelomali somnyango ngamunye,

kanti *iziLinganiso zeMali yemiSebenzi emiKhulu* ziveza uhlu lwawo wonke amaphrojekthi amakhulu azoqhutshwa yiminyango. Ngiyaninxusa ukuba niyifunde le mibhalo ngoba inolwazi olunzulu esiludingayo ukuze sikwazi ukwenza iminyango iphendule mayelana nokusebenza kwezabelomali zayo.

## 5. ISIPHETHO

Sengiphetha, njengoba ngishilo ngesikhathi ngiqala le nkulumo yesabelomali, ukuvuselela isimo sezimali akuyona into yosuku – kuthatha ukuzithiba. Kuyibanga, ibanga eseliqalile ukuthela izithelo ezinhle. Kumele singagudluki kulokhu, sisebenze ngobuqotho, nangokubambisana. IKwaZulu-Natali izovuka izithintithe, ibe yindawo ethembekile futhi okutshaleka kangcono izimali kuyona kunakuqala.

Ngifisa ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu, uThamsanqa Ntuli namaLungu eKomidi loNgqongqoshe ngalesi sabelomali, ngokungeseka kwabo ngesikhathi ngihlanganisa isabelomali saKwaZulu-Natali sonyaka wezimali wezi-2025/26.

Ngifisa ukubonga abasebenzi eHhovisi loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ngaphansi kobuholi beNhloko yoMnyango, uNks. Carol Coetzee ngokuqinisekisa ukuthi umbhalo wesabelomali usezingeni elicokeme njengenjwayelo kanjalo nokuzibophezela okungaphezi okukhonjiswa yiThimba loMnyango. Niwusizo olukhulu esiFundazweni iKwaZulu-Natali. Ngiphinde ngibonge kakhulu ethimbeni leHhovisi lami.

KuSihlalo, uMnuz. Mthandeni Dlungwane, namaLungu eKomidi eliBhekele ezeziMali eSishayamthetho, amava enu ahlale njalo ebalulekile. Sengikubheke ngabomvu ukuxoxisana nani ngalesi sabelomali.

Kubona bonke abantu ababalulekile empilweni yami, umkami uRita namadodakazi ami uNatalie noHayley – ngiyohlala njalo ngithobekile ngokungeseka nothando lwenu olungenamkhawulo.

Somlomo oHloniphekile, bafowethu nodadewethu – kuyintokozo kimi namhlanje ukunethulela ngokusemthethweni lesi sabelomali sonyaka wezimali wezi-2026/27 sesifundazwe iKwaZulu-Natali.

Ngiyabonga.